



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

FEBRUWARI/MASHI 2012

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: amahora ama- $2\frac{1}{2}$

Leli phepha linamakhasi ayisi- 7.

IMIYALELO KWABAHOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

- | | | |
|-------------|--|------|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka).

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

- | | |
|-------------|----------------------|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama-80 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama-40 |
| ISIQEPHU C: | Amaminithi angama-30 |

7. Ungaziguqli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.

9. Abahlolwayo mabaqaphelisise upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

- | | |
|---|---------------|
| ISIQEPHU A: | (Izindaba) |
| • | Ubude bendaba |
| Bhala ngamagama angama-340 kuya kwangama-390. | |

- | | |
|---|------------------------------|
| ISIQEPHU B: | (Umbhalo odlulisa imiyalezo) |
| • | Ubude bombhalo |
| Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120. | |

QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

- | | |
|---|-----------------------------------|
| ISIQEPHU C: | (Imibhalo emifishane enemiyalezo) |
| • | Ubude bombhalo |
| Bhala ngamagama angama-80 kuya kwayi-100. | |

QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

QAPHELA: Ungakhohlwa ukwenza uhlaka.

- 1.1 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo ukhombise ukuthi uyavumelana noma uyaphikisana naso.

UHulumeni Wakuleli Uyakuqikelela Ukulingana Ngokobulili Emathubeni Anhlobonhlobo Emisebenzini.

[50]

- 1.2 Abantu baseNingizimu Afrika bakhathazekile ngesimo somnotho esintengantengayo. Bhala indaba ubeke imibono yakho ngezimbangela zokwehla kwesimo somnotho wakuleli, uphinde uqhamuke nezindlela ezingaxazulula lesi simo. Yinike isihloko indaba yakho.

[50]

- 1.3 Uma sikhula kuyaye kube nabantu esijwayelana nabo abagcina sebengabangani bethu, sibuye sixoxelane nabo zonke izimfihlo zethu. Akubi mnandi ngaso sonke isikhathi kulobu bungani. Bhala indaba ngalesi sihloko:

Ubuhle Nobubi Bokuba Nomngani.

[50]

- 1.4 *Ukufunda Ngigogode Sekungenze Ngahlonishwa Umhlabi Wonke.*

Bhala indaba ngalesi sihloko esingenhla ukhombise ukuthi ufunde kanjani futhi uhlangabezane kanjani nezinselelo waze waba kuleli zinga.

[50]

- 1.5 *Ukube uMama Wami Usaphila Ngabe Alungiququdi Kanje Usizi.*

Bhala indaba ngalesi sihloko esingenhla ukhombise ukuthi umama wakho ubebaluleke kanjani empilweni yakho.

[50]

- 1.6 Bhala indaba ngalesi sihloko: *Intsha Yakuleli Nezidakamizwa*, uchaze ngezinhlobo zeqidakamizwa, umphumela wazo uphinde unike ikhambi elinganqanda lokhu kudlondlobala kokusetshenziswa kwezidakamizwa yintsha.

[50]

- 1.7 Bukisia lesi sithombe esingezansi bese ubhala indaba ekhombisa ukubaluleka kwabahlengikazi nodokotela emtholampilo. Yinike isihloko indaba yakho.



[50]

1.8 Bukisisa izithombe ezilandelayo bese ubhala indaba ngesihloko esithi:

Intuthuko Kwezokuthutha Ezweni Lakithi.



[50]

AMAMAKI ESIQEPU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.

- 2.1 Inkampani yakwaMetals (Pty) LTD, PO Box 27182, Moberni, 4000 inesikhala somsebenzi wokuqequesha kwabasebenzi bayo kwezekhompyutha. Lo msebenzi uphume ephephandaben iLanga langomhla ziyi-10 kuJuni 2011.

Bhala **incwadi** ucele isikhala salo msebenzi unikeze yonke imininingwane engakwenza uphumelele ukuqashwa kulo msebenzi.

[30]

- 2.2 Beninohambo lokuya ePitoli nomndeni wakho. Endleleni ikhumbi ebenihamba ngayo yahlangabezana nengozi. Kuleyo ngozi kubhubhe umalume wakho. Umphakathi wangakini wonke usashaqekile ngalesi sehlo kwazise phela umalume wakho ubebambe elikhulu iqhaza ezintweni ezithinta umphakathi.

Bhala-ke **umlando** kamalume wakho ongasekho.

[30]

- 2.3 Esikoleni ofunda kusona bekunomcimbi wokuklonyelisa kwabafundi abavelele ezifundweni ezahlukahlukene, kwezemidlalo kanye nokuziphatha.

Bhala **umbiko** omayelana nalo mcimbi ozoshicilelw ephephabhukwini lesikole.

[30]

- 2.4 Ngenxa yokungabibikho kahle kwamathuba emisebenzi, ube usuVula isikole sokufundela ukushayela izinhlobo zonke zeziMoto (amakhodi 8, 10 no-14.) Lesi sikole sisefundazweni saseMpumalanga kanti sidume izwe lonke ngemiphumela yaso emihle.

Bhala **ibhrosha** ukhombise imininingwane ngalesi sikole kanye nokuthi abantu abasuka kwezinye iziFundazwe bangafinyelela kanjani futhi bahlale kuphi ngenkathi besafundela ukushayela.

[30]

AMAMAKI ESIQEPHU B: **30**

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFUSHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

- 3.1 Kuthe uma kuvulwa izikole ekuqaleni konyaka wathola umsebenzi wokuba nguthisha wesikhashana esifundweni sesiZulu esikoleni iVulindlela High School. Isonto lokuqala kulesi sikole libe yinkinga kuwena ngoba ubuqala ukufundisa.

Bhala **idayari** yezinsuku ezinhlanu uchaze izinselelo ohlangabezane nazo nokuthi uxizazulule kanjani. [20]

- 3.2 UNggongqoshe kaZwelonke Womnyango WezokuThutha, uSibusiso Ndebele uzobe ehambele endaweni yaseNkangala ezokwethula uhlelo lokulungiswa kwemigwaqo nokunye okupathelene nemigwaqo.

Bhala **iphosta** ezokwazisa umphakathi wale ndawo ngale mbizo. [20]

- 3.3 UnguKapteni weqembu lebhola esikoleni ofunda kuso. Niwine uhambo lokuyobuka umdlalo webhola lendebe yomhlaba phesheya kwezilwandle eBrazil ngonyaka wezi-2014. UThishanhloko, ngenxa yokukwethemba, ukujubile wakunika umyalelo wokuba wenze amalungiselelo alolu hambo kusenesikhathi.

Bhala **umyalelo** wala malungiselelo. Ungakhohlwa ukubhala izizathu zemiyalelo onikezwe yona. [20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100